Incwajana Yokulawula i-Nuclear Kuzwelonke ngokwemigomo yesigaba 14 Se- Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No.2 of 2000)

ISINGENISO

I-Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000) (“the PAIA”) yamiswa ukuze ibhekane nelungelo lokuthola imininingwane litholakala kuSomqulu Wamalungelo isigaba sama-32 (2) soMthethosisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika.

Injongo yaleli bhukwana ukwazisa ofake isicelo ngendlela yokuthola amarekhodi agcinwe uMlawuli we-Nuclear kaZwelonke, ngale ndlela kulandelwa isigaba se-14 soMthetho.

I-*National Nuclear Regulator Act, 1999 (Act No. 47 of 1999)* (“i-NNR Act”), ngokwemigomo yesigaba sama-51, inqanda ukudalulwa kwemininingwane. Lokhu kunqandwa kuncike, ku-PAIA.

Leli bhukwana alingeni esikhundleni soMthetho kodwa kufanele lifundwe ngokuhambisana noMthetho nezimiso zoMthetho.

Isigaba sama-34 ukuya esigabeni sama-46 se-PAIA sibeka izizathu zokunqaba nokuthola imininingwane. Ukucubungula ukuthola imininingwane, uMlawuli we-Nuclear kuZwelonke (“i-NNR”) kufanele acubungule izizathu zokunqaba ukuthola imininingwane ezivezwe i-PAIA.

Kubalulekile ukuveza ukuthi ukudalulwa kwamarekhodi agcinwe i-NNR akuvimbi i-NNR ukunqaba nokuthola imininingwane uma zikhona izizathu zokunqaba nokuyithola ngokwemigomo ye-PAIA.

OKUQUKETHWE

Ikhasi

ISAHLUKO 1

1.1 Igunya 4
1.2 Izinjongo ze-NNR 4
1.3 Imisebenzi ye-NNR 4

ISIHLAKU 2

2.1 Imininingwane yokuxhumana 5

ISAHLUKO 3

Isigaba 10: Umhlahlandlela wokusebenzisa uMthetho 6

ISAHLUKO 4

4.1 Ukuthola amarekhodi agcinwe i-NNR. 6
4.2 Imininingwane engacelwa ngokusemthethweni 7
4.3 Inqubo yokucela 8
4.4 Izizathu zokunqaba 9
4.5Ukubuyekeza kokunqantshwa ukuthola imininingwane 10
4.5Isazizo sesigaba 15 10

ISAHLUKO 5

Okuxubile 10

5.1 Amalungiselelo avumela ukuhlanganyela nomphakathi ekusungulweni kwenqubomgomo nokusebenzisa amandla 10
5.2 Ukuvuselela Ibhukwana 11
5.3 Ukutholakala Kwebhukwana 11
5.3 Isicelo sokuthola amarekhodi kamagatsha kahulumeni 11
5.4 Imali enqunyiwe 11

ISAHLUKO 1

1.1 Igunya

I-National Nuclear Regulator (“NNR”) inikwe igunya ngokwemigomo ye-National Nuclear Regulator Act, 1999 (Act No. 47 of 1999) (“NNR Act”) lokuhlinzekela ngokuvikela abantu, impahla nendawo kubantu abayilimazayo.

1.2 Izinjongo

Izinjongo ze-NNR:

- Ukuhlinzekela ngokuvikela abantu, impahla nendawo ukuba kungalinyazwa i-nuclear ngokusungula amazinga ezokuphepha nemikhuba yokulawula;
- Ukuqondisa ngokulawula okuhambisana nezokuphepha mayelana nokubekwa, ukusungulwa, ukwakhiwa, ukusetshenziswa, ukukhiqizwa kwezingxenye, ukungaxutshwa, ukungakhiwa nokuvala ukufakwa kwe-nuclear;
- Ukuqondisa ngokulawula izenzo, lo Mthetho osebenza ngazo, ukukhipha igunya le-nuclear;
- Ukuhlinzekela ngesiqiniseko sokulandela imibandela yokugunyazwa kwe-nuclear ngokusebenzisa uhlelo lokuhlola ukulandelwa koMthetho;
- Ukufeza izibophezelo zikazwelonke mayelana nezinsiza zomthetho emhlabeni jikelele ezithinta ukuphepha kwe-nuclear; kanye
- Nokuqikelela ukuthi imibandela yohlelo lwesimo esiphuthumayo se-nuclear imi ngomumo.

1.3 Imisebenzi

Imisebenzi ye-NNR:

- Ukwamukela noma ukuchibiyela imvume ye-nuclear;
- Ukuthola impahla nokufaka izinsiza (ukuqasha, ukuthenga, ukuthola);
- Ukubambisana nezinye izikhungo ukuqoqa nokusabalalisa imininingwane yesayensi neyezobuchwepheshe emayelana namandla e-nuclear;
- Ukubambisana nezinye izikhungo mayelana nokukhipha imiyalelo noma ukuqeqeshwa kwabantu okudingwa i-NNR;
- Ukuhlinzekela ngemali nangolunye usizo ukuqeqesha abantu ukuze kusizwe i-NNR ukuqhuba imisebenzi yayo;
- Izivikele ekulahlekelweni, ukulinyazwa, engozini noma ezikweletini;
- Ukululeka uNgqongqoshe ngezindaba ezihambisana nesenzo noma nemibandela;
    - Engalimazi i-inuclear
    - UNgqongqoshe ayidlulisele kuMlawuli; noma
    - UMlawuli abona ifanele ukuze aluleke uNgqongqoshe;
- Sebenza njengeGatsha elifanele likazwelonke mayelana ne-*International Atomic Energy Agency's Regulations for the Safe Transport of Radioactive Material*;
- Ukuphothula izivumelwane, ukwenza izivumelwane noma ukwenza isenzo, eRiphabhuliki noma kwenye indawo, izinjongo zaso eziqhutshwa ngendlela efanele noma okubhekwe, ngqo noma ngenye indlela, ukuba siqhakambise amagugu emisebenzini eqhutshwa uMlawuli ukuzuza izinjongo zayo noma ezinganqunywa;
- Ukuhlanganisa nokuthumela umbiko wonyaka ngezempilo nokuphepha okuhambisana nabasebenzi, umphakathi nendawo ehambisana nazo zonke izizinda kubalwa, nengqikithi enqunyiwe.

ISAHLUKO 2

2.1 Imininingwane yokuxhumana

Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane ye-NNR: uDokt Mzubanzi Bismark Tyobeka

Ucingo: +27 (0) 12 674 7187
Isikhahlamezi:27 (0) 12 663 5513
Umbikombani: bmtyobeka@nnr.co.za

IPhini Lomsebenzi Osebenza Ngemininingwane ye-NNR: Gino Moonsamy (Umphathi Kwezokuxhumana & Nobudlelwane Kwabaqondene)

Ucingo: +27 12 674 7111
Isikhahlamezi: 0865884450
Umbikombani: gmoonsamy@nnr.co.za

Ekomkhulu

Ikheli Laseposini: PO Box 7016, Centurion, 0046

Ikheli Lendawo;

Eco Glades Office Park, Eco Glades 2
Block G, Witch Hazel Avenue
Highveld Ext 75
Eco Park
Centurion
0157

Ucingo: +27 12 674 7100. Isikhahlamezi: +27 12 663 5513

Ihhovisi Lesizinda

Ikheli Laseposini: P.O. Box 46055, Kernkrag, 7441

Ikheli Lendawo;
12 Raatz Drive
Delphi Arch Building
Tableview
Cape Town

Ucingo: +27 21 553 9500. Isikhahlamezi: +27 21 553 1361

Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane angathintwa Ekomkhulu e-NNR e-Centurion.

Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane udlulise amandla nemisebenzi yakhe ngokusungula Iphini Elisebenza Ngemininingwane ukuba lisebenza Njengomsebenzi Osebenza Ngemininingwane. Zonke izicelo ze-PAIA kufanele ziqondiswe Kwiphini Elisebenza Ngemininingwane.

ISAHLUKO 3

3.1 Incwajana yokusebenzisa i-PAIA Act

Le ncwajana evezwe esigabenii se-10 se-*Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000*) (“PAIA”), iyatholakala Kukhomishana Yamalungelo Oluntu eNingizimu Afrika.

Noma emiphi imibuzo ehambisana nalokhu kufanele iqondiswe:

South African Human Rights Commission
PAIA Unit
33 Hoofd Street
Braampark, Forum 3
Braamfontein
Johannesburg
2198

Inombolo Yocingo: +27 11 877 3600 8300. Inombolo Yesikhahlamezi: +27 11 403 06257149

Isizindalwazi: www.sahrc.org.za Umbikombani:paia@sahrc.org.za

ISAHLUKO 4

4.1 Ukuthola amarekhodi agcinwe i-NNR

4.1.1 Ukuzidalulela

Imininingwane ephathelene nalokhu okulandelayo iyatholakala ngaphandle kokufaka isicelo esibekelwe imigomo:

4.1.1.1 Imibiko yonyaka;
4.1.1.2 Izizinda zamahhovisi;
4.1.1.3 Imibiko yabezindaba;
4.1.1.4 Izikhangiso;
4.1.1.5 Imininingwane Ngezindleko Zokugunyaza i-Nuclear.

4.2 Imininingwane engacelwa ngendlela ebekelwe imigomo

4.2.1 I-NNR igcine imininingwane ngalezi zihloko ezilandelayo. Ukufinyelela kweminye imininingwane kuzobekelwa imikhawulo ngokulandela imibandela ye-PAIA. Ngakho-ke akuyona yonke imininingwane esohlwini ezotholakala ngesicelo esibekelwe imigomo ngokwemigomo yesigaba 4.3 ngenzansi.

4.2.1.1Izindaba zomthetho

- Izindaba eziphathelene nezimiso zomthetho ze-NNR;
- Izivumelwane zokusebenzisana;
- Izivumelwane zobudlelwane namaGatsha Alawula kwamanye amazwe.

4.2.1.2 Inhlangano nokulawula

- Amaminithi emihlangano yeBhodi;
- Amaminithi emihlangano yamakomidi angaphansi kweBhodi;
- Amaminithi amakomidi angaphandle nangaphakathi (Ikomidi Labaphathi, Ikomidi Leziphathimandla neKomidi Lezinguquko);
- Imiqulo Yezamaqhinga neyezinhlelo zebhizinisi;
- Ukudluliswa kwamandla;
- Ukumenyezelwa kwenzuzo.

4.2.1.3 Izinsiza Zabantu

- Isakhiwo senhlangano;
- Ukuqasha nokuqashwa;
- Incazelo yomsebenzi nokuhlaziya
- Inhlalakahle yabasebenzi nobudlelwane nabasebenzi;
- Imibandela yomsebenzi;
- Ukuthuthukiswa kwenhlangano nokuqeqeshwa;
- Umqulu wenqubomgomo Yezinsiza Kubantu;
- Inqubomgomo yezinguquko nohlelo;
- Inqubomgomo Yokuqasha Ngendlela Efanayo nohlelo;
- Uhlelo lokuthuthikiswa kwamakhono;
- Imininingwane ngezinzuzo kubasebenzi ezifana nohlelo lwe-Medical Aid, Isikhwama Somhlalaphansi, Umshwalense Wamaqembu njll.

4.2.1.4 Izimali

- Isabelomali nama-akhawunti;
- Izikhwama zemali nemali etshaliwe;
- Iregista yempahla;
- Ukuhlaziywa kwezindaba;
- Imibuzo yezezimali.

4.2.1.5 Ukusingathwa kwengozi

- Imininingwane yokusingathwa kwezingozi zokusebenza ze-NNR;
- Inkontileka yemishwalense;
- Imininingwane ngezokuphepha (imininingwane nezindaba zokuphepha endaweni).

4.2.1.6 Usizo nokulawula

- Izakhiwo;
- Usizo lwemininingwane;
- Izindaba zokusingatha;
- Abulungu ezinhlanganweni zemisebenzi efundelwe.

4.21.7 Ukuxhumana nobudlelwane nomphakathi

- Imininingwane ngomphakathi nangezithangamu zomphakathi;
- Izikhangiso nemibukiso;
- Uphenyo.

4.2.1.8 Imininingwane yezobuchwepheshe ephathelene nemisebenzi yezobuchwepheshe (izinjogno) yoMlawuli

- Ukugunyazwa kwe-nuclear;
- Isitifiketi sokubhalisa;
- Imibiko yesiqiniseko sokulandela umthetho;
- Imiqulu yokuhlola ezobuchwepheshe;
- Imibiko yesayensi neyonjiniyela;
- Imiqulu yokuklanywe ochwepheshe;
- Imibiko yezinkomfa;
- Imibiko yocwaningo lokulawula.

4.2.2 Le minininingwane ebaluliwe itholakala ngale ndlela elandelayo:

Imibiko, Amaminithi emihlangano, Ukuxhumana (okungenayo nokuphumayo), Imemorandamu yangaphakathi, Ama-imvoyisi, izitatimende nezicelo, Imidwebo yezobuchwepheshe (Egcinwe nge-elethronikhi nasemaphepheni).

4.3 Inqubo yokucela

4.3.1 Ukuthola imininingwane kokusohlwini ngaphezulu kufanele kucelwe ngokugcwalisa Ifomu A ("ifomu lesicelo") elitholakala kusizindalwazi se-NNR nokukhokhwa kwemali enqunyiwe njengoba kuveziwe emalini enqunyiwe ebhalwe kwishejuli yemali ngenzansi.

4.3.2 Kuyacelwa ukuba ofake isicelo aveze ukuthi ungubani ngoba umkhakha wabantu abafaka izicelo unemithelela ethile. Ofake isicelo sokuthola irekhodi eliqukuthe imininingwane eqondene naye akumele akhokhe imali yesicelo. Ofaka isicelo esifakela omunye umuntu kufanele aphathe ubufakazi begunya alisebenzisayo lokufakela omunye isicelo futhi akhokhe imali enqunyiwe.

4.3.3 Ukunciphisa uhlelo lomsebenzi, kuyacelwa ukuba imali yesicelo ikhokhwe uma kuthunyelwa isicelo.

4.3.2 Ofake isicelo kufanele aveze ukuthi isicelo ngabe esekhophi yamarekhodi noma ngabe ofake isicelo ufisa ukuhlola amarekhodi emahhovisi e-NNR.

4.3.3 Ukuthola le minininingwane ebaluliwe kuzokwenzelwa kuphela ofake isicelo ngendlela afake ngayo isicelo, ngaphandle uma leyo ndlela izogxambukela ngendlela engafanele nokuqhutshwa komsebenzi we-NNR noma izothikameza noma iphule amalungelo okushicilelwe.

4.3.4 Uma nje singathi, uma imininingwane ingeke ikhishwe ngendlela eceliwe kodwa izokhishwa ngenye indlela, imali yokuthola imininingwane izobalwa ngokuhambisana nale ndlela ofake isicelo ayeyicelile.

4.3.5 Uma ofake isicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma ekhubazekile, angenza isicelo samarekhodi aqoshiwe, esimweni esifana naleso Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane uzogcwalisa ifomu eligcwalisela lowo muntu futhi akhiphe ikhophi yefomu egcwalisiwe ayinike ofake isicelo ibe ubufakazi besicelo.

4.3.6 Ofake isicelo kufanele aveze kwifomu lesicelo:

4.3.6.1 uma efisa ukwaziswa ngenqubekela phambili yesicelo ngocingo noma ngenye indlela.
4.3.6.2 igunya lokufaka isicelo, uma imininingwane icelelwa omunye umuntu.

4.3.7 Ifomu lesicelo lingathunyelwa e-NNR ngesikhahlamezi, umbikombani noma ngeposi.

Ngemuva kokuba Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane esenze isinqumo ngesicelo Umsebenzi Osebenza Ngemininingwane uzokwazisa ofake isicelo ngaleso sinqumo ngendlela lowo ofake isicelo afisa ukwaziswa ngayo, kodwa noma kwesiphi isimo, zingakapheli izinsuku ezingama-30 kwatholwa isicelo noma zingakapheli izinsuku ezingama-30 esikhathini esinwetshiwe. Ofake isicelo kufanele aziswe ngencwadi ngesikhathi esinwetshiwe.

Iphini lomsebenzi ofake isicelo kufanele lazise ofake isicelo ngalezi zinqumo ezilandelayo:

4.3.7.1 Ukwamukela isicelo;
4.3.7.2 Ukwamukela ingxenye ethile yesicelo/ ukunqatshwa kwesicelo;
4.3.7.3 Isaziso ngemali ezokhokhwa;
4.3.7.4 Isinqumo sokudlulisela isicelo egatsheni likahulumeni noma komunye umnyango kahulumeni;
4.3.7.5 Lowo muntu wesithathu kufanele aziswe;
4.3.7.6 Ukuthi amarekhodi akatholakali.

4.4 Izizathu zokunqaba ukuthola imininingwane:

4.4.1 Lawa marekhodi alandelayo ngeke kuvunywe nawo ngoba i-PAIA ayisebenzi kuwona:

4.4.1.1 Amarekhodi ekhabhinethi;
4.4.1.2 Amarekhodi amakomidi ekhabhinethi;
4.4.1.3 Imisebenzi yenkantolo yezobulungiswa;
4.4.1.4 Amarekhodi ezinkundla ezikhethekile;
4.4.1.5 Amarekhodi omsebenzi wezobulungiswa;
4.4.1.6 Amarekhodi elungu elithile lePhalamende noma Lesishayamthetho sesiFundazwe.

4.4.2 Iphini lomsebenzi osebenza ngemininingwane kufanele linqabe isicelo sokuthola imininingwane ngaphansi kwalezi zizathu:

4.4.2.1 Isibophezelo sokuvikelwa komuntu wesithathi okungumuntu ngokujwayelekile;
4.4.2.2 Isibophezelo sokuvikelwa kwamarekhodi athile oPhiko Oluqoqa Intela eNingizimu Afrika;
4.4.2.3 Isibophezelo sokuvikelwa kwemininingwane yokukhangisa kumuntu wesithathu;
4.4.2.4 Isibophezelo sokuvikelwa kwemininingwane ethile eyimfihlo yomuntu wesithathu;
4.4.2.5 Isibophezelo sokuvikelwa kokuphepha kwabantu nokuvikelwa kwempahla;
4.4.2.6 Isibophezelo sokuvikelwa kwamadokodo amaphoyisa ngezikhathi zebheyili nokuvikelwa kokubophezelwa komthetho ezinyathelweni zomthetho;
4.4.2.7 Isibophezelo sokuvikelwa kwamarekhodi anamalungelo ukuba ashicilelwe ngesikhathi sezinyathelo zomthetho;
4.4.2.8 Isibophezelo sokuvikelwa kwemininingwane yocwaningo yomuntu wesithathu nokuvikelwa kwemininingwane yocwaningo legatsha likahulumeni;
4.4.2.9 Uma ukudalulwa kungacwasa ukuphepha nokuvikelwa kweRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, kuveze imininingwane yelinye izwe noma yenhlangano yamazwe omhlaba, okufanele kube imfihlo ngokwemigomo yesivumelwane samazwe omhlaba, noma okuphathelene nemininingwane yezempi;
4.4.2.10 Ukudalula okungase kucekele phansi umnotho noma inhlalakahle yezomnotho eRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika;
4.4.2.11 Ukudalula okungase kucekele phansi ukusebenza ngokuphepha kokufakelwa kwe-nuclear noma okungabeka engcupheni ukuvikeleka kwe-nuclear noma kuthikameze ukusebenza ngempumelelo nohlelo lwesimo esiphuthumayo oluhleliwe.

4.5 Ukubuyekeza ukunqatshwa kokuthola imininingwane

4.5.1 Ofake isicelo noma umuntu wesithathi onganelisekile ngesinqumo sePhini lomsebenzi osebenza ngemininingwane angafaka isicelo eNkantolo Enkulu sesisombululo esifanele. Ofake isicelo angafaka isicelo kulokhu okulandelayo:

4.5.1.1 Isinqumo sePhili losebenza ngemininingwane sokunqaba ukuthola imininingwane;
4.5.1.2 Isinqumo esithathiwe mayelana nokukhokha imali yesicelo, imali yokuthola imininingwane noma ukudiphozitha imali yokuthola imininingwane; noma
4.5.1.3 Isinqumo esathathwa ukuze ofake isicelo avunyelwe ukuthola imininingwane ngendlela engafani naleyo ayicela.

4.5.2 Umuntu wesithathu angafaka isicelo enkantolo ngalezi zizathu ezilandelayo:

4.5.2.1 Isinqumo sePhini Losebenza Ngemininingwane sokwamukela isicelo sokuthola imininingwane;
4.5.2.2 Isinqumo sePhini Losebenza Ngemininingwane sokunqaba isicelo sokuthola imininingwane;
4.5.2.3 Isinqumo esithathiwe mayelana nokukhokha imali yesicelo, noma ukudiphozitha imali yokuthola imininingwane;
4.5.2.4 Isinqumo esithathiwe sokwamukela ukutholwa kwemininingwane eceliwe ngendle indlela engafani naleyo eceliwe.

4.6. Isigaba 15 isaziso

Asikho isaziso ngokwemigomo yesigaba se-15(2) esishicileliwe okwamanje.

ISAHLUKO 5

Ingxubevange

5.1 Amalungiselelo avumela umphakathi ubambe iqhaza ekusungulweni kwenqubomgomo nokusebenzisa amandla [Isigaba 14(1)(g)]

- Ukubamba iqhaza komphakathi ngokwemigomo yemibandela yesigaba sama-21(4) se-NNR Act.
- Izithangamu zomphakathi nezabasebenzi ezisungulwe i-NNR.
- Okulalelwe namawekhishophu – umphakathi ungathamela futhi wenze izethulo ngokulalelwe nakumawekhishophu.
- Izinhlelo zokuvolontiya nama-internship – kunenqubomgomo yokuqasha ekhona yokuqasha umphakathi kulezi zikhala.
- Abaxhumanisi nomsebenzi wezinkontileka – Inqubomgomo yabaxhumanisi mayelana nokuthenga.

5.2 Ukuvuselela incwajana [Isigaba 14(2)]

I-NNR izovuselela futhi ishicilele incwajana evezwe esigabeni se-14(1), ngemikhawulo engadlulile onyakeni.

5.3 Ukutholakala kwencwajana [Isigaba 14(3)]

- Izimiso zoMthetho Inombolo R. 187 mhlaka 15 Febhuwari 2002 esigabeni sesi-4(1) zinquma ukuthi incwajana yegatsha likahulumeni kufanele itholakale ngale ndlela elandelayo:

- Ikhophi kukhona konke kube ngeizlimi ezisemthethweni kutholakale yonke indawo yokusebenza ngokusemthethweni njengoba kuchaziwe esigabeni sesi-6 se-*Legal Deposits Act 1997*, iKhomishana Yamalungelo Esintu yaseNingizimu Afrika, nakumahhovisi e-NNR.
- Incwajana izoshicilelwa ngezilimi ezintathi ezisemthethweni kuSomqulu.
- Incwajana izotholakala kwisizindalwazi se-NNR, www.nnr.co.za.

5.5 Isicelo sokuthola irekhodi yegatsha likahulumeni

- Zonke izicelo ezisemthethweni ezingatholakali ngendlela ethile, zizokwenziwa ngendlela enqunyiwe **Ifomu A. Izicelo zamarekhodi atholakalayo zingenziwa ngomlomo noma ngokushaya ucingo.**

5.6 Imali enqunyiwe esicelweni sokuthola amarekhodi

- Ishejuli yemali ekhokhelwa izicelo zokuthola imininingwane iveziwe kulokhu okulandelayo.

ISHEJULI YEMALI

INCAZELO YEMALI	**INANI LAMARANDI**
Imali yesicelo	
Imali yesicelo ekhokhwa ofake isicelo okungeyena lo ozifakele esakhe isicelo	35,00
Imali yokwenziwa [Le mali futhi ikhokhelwa amarekhodi ahlala ngaso sonke isikhathi ekhona nokuzidalulela	
Imali yekhophi yencwajana njengoba kuveziwe izimiso zomthetho zesi-5(c) ekhophini ngayinye elingana no-A4 nengxenye yayo.	0,60
Ukufothokhopha iphepha elingu-A4-noma ingxenye yayo	0,60
Ikhophi eprintiwe elingana no-A4-noma ingxenye yayo egcinwe ngekhompiyutha noma ngendlela efundeka ngomshini.	0,40
Ikhophi efundeka ngekhompiyutha:	

1. Istifi diskhi 2. Ikhompekthi diskhi	**5,00** **40,00**
Ukukopishwa kwemifanekiso yezithombe: 1. Ku-A4 noma engxenyeni yawo 2. Ikhophi yemifanekiso yezithombe	 **22,00** **60,00**
Ukukopishwa kwerekhodi eqoshiwe: 1. Ku-A4 noma engxenyeni yawo. 2. Ikhophi yerekhodi eqoshiwe	 **12,00** **17,00**
Imali yokuthola imininingwane (ikhokhwa ezicelweni esicelwe ngefomu yesicelo ye-PAIA)	
Imali yokukopisha ikhasi le-A4- noma ingxenye yawo.	0,60
Ikhophi eprintiwe eyikhasi le-A4-noma ingxenye yayo egcinwe ngekhompiyutha noma nge-elethronikhi noma efundeka ngomshini	0,40
Ikhophi efundeka ngekhompiyutha: 1.Istifi diskhi 2.Ikhompekthi diskhi	 **5,00** **40,00**
Ukukopishwa kwemifanekiso yezithombe: 1. Ku-A4 noma engxenyeni yawo 2. Ikhophi yemifanekiso yezithombe	 **22,00** **60,00**
Ukukopishwa kwerekhodi eqoshiwe: 1. Ku-A4 noma engxenyeni yawo. 2. Ikhophi yerekhodi eqoshiwe	 **12,00** **17,00**
Ukuthungatha nemali yamalungiselelo Ukuthungatha nokuhlanganisa amarekhodi azodalulwa, R15,00 ihora ngalinye noma ingxenye yalo, lingabalwa ihora lokuqala, adingekayo uma kuthungathwa noma kwenziwa amalungiselelo.	**15,00 (khiphela eceleni ihora lokuqala**
Idiphozithi edingekayo[isigaba 22(2)]	
Ngokwesigaba sama-22(2) soMthetho, lokhu okulandelayo kuyasebenza: 1. Amahora ayisithupha okungamahora azokweqiwa ngaphambi kokukhokha idiphozithi; kanye 2. Ingxenye yokukodwa kokuthathu emalini yokuthola imininingwanene iyakhokhwa njengesibambiso sofake isicelo.	
Imali yokuposa	
Imali yokuposa ikhokhwa uma ikhophi lerekhodi kufanele lithunyelwe kofake isicelo.	

Yini ezokwenzeka mayelana namakhasi alingana ne-A3 noma ne-A5?

I-NNR izokwamukela imali ekhokhwa ngale ndlela elandelayo:

1. Ediphozithwe ngqo;

2. Imali edluliswe nge-elethronikhi;
3. Amasheke angashintsheki isikhathi esiyizinsuku eziyi-10 okufanele sikhishwe.